## U-SARS Uxwayisa Ngokuthobela Empahleni Ye-Crypto

**Tshwane, 9 kuMfumfu 2024 -** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS) uwuqaphele umkhuba okhulayo wabantu baseNingizimu Afrika wokusetshenzisa izimali zedijithali ezihlukahlukene. Okuvamile kulokhu ukudlanga kwempahla ye-*crypto*. Isibalo esimangalisayo sabantu baseNingizimu Afrika abangaphezu kwezigidi ezingu-5.8 banempahla ye-*crypto*, kanti iNingizimu ne-Afrika izishaya isifuba ngokuduma nge-*Bitcoin* emhlabeni.

U-SARS ukhathazekile ukuthi le mpahla ye-*crypto* nohwebo lwayo abakhokhintela abakudaluli lapho bebuyisa amafomu abo ngemininingwane yentela. U-SARS unesibopho ngokomthetho ukuba aphendule nganoma iliphi ingeniso noma impahla yomkhokhontela kanti uke wamema ukushintshiselana kwe-*crypto* nalabo ababandakanyeka ekuhwebeni noma abanempahla ye-*crypto* ukuba bakudalule lokho ngokuzikhethela. Njengendlela yokulandelela, u-SARS uzofaka impahla ye-crypto ezinhlelweni zakhe zokuthobela. Ngenxa yalokho, u-SARS uxoxisana ne-*Financial Sector Conduct Authority* (FSCA) mayelana nokuhlinzekwa kolwazi kubahlinzeki ababhalisiwe ama-*Crypto Asset Service Providers* (CASPs). U-SARS uphinde athole ulwazi oluvela ngqo kulabo abashintshanisa ngemali bakuleli.

Okubaluleke kakhulu, kufanele kugcizelelwe ukuthi ngezivumelwano zamazwe amaningi u-SARS ishintshisana ngolwazi nezinye iziphathimandla zentela emhlabeni jikelele. Ukuhlinzekwa kwama-akhawunti e-*crypto* phesheya kuzoba isihloko sesivumelwano sezizwe ngezizwe esizosayinwa ngoNgqongqoshe Bezezimali kuLwezi 2024 esizodala ukuhwebelana kolwazi olunjalo maqondana nabakhokhi bentela baseNingizimu Afrika.

U-SARS ukholelwa ukuthi iningi labakhokhintela nabahwebi bathembekile futhi balindele ukusizwa ukuze bafeze izibopho zabo ezingokomthetho. Ngokulandela umyalo wethu ngokomthetho, u-SARS uhlinzeka isiqiniseko nengcaciso mayelana nazo zonke izibopho ezingokomthetho zabakhokhintela nabahwebi. U-SARS usebenza ngokuzimisela ukwenza kube lula ukuthi abakhokhintela nabahwebi bathobele futhi bagcine izibopho zabo. Okubalulekile, inhlososu yethu ukwenza kube nzima futhi kubize kakhulu kulabo abangathobeli ngamabomu. Le mizamo ihloselwe ukusekela Inhloso yethu Yesu lokugqugquzela umkhuba wokuthobela ngokuzithandela.

Ngenxa yalokho, ekubhekaneni nokuthobela ku-*crypto* u-SARS ikhulisa amandla kumathimba ocwaningomabhuku ukuze isekele imizamo yokuphoqelela imithetho. U-SARS usephendukele ekusebenziseni kakhulu ubuhlakanimbumbulu, ukufunda komshini nama-algorithimu ukudludlunga umsebenzi wethu. Ekusebenziseni umyalelo wethu, u-SARS usanda kukhipha izincwadi zemibuzo kubakhokhi bentela abanezimpahla ze-*crypto*. Lezi zincwadi zihlose ukuthola ulwazi mayelana notshalomali

lwabakhokhintela ezimpahleni ze-*crypto* kanye nohwebo olwenziwayo ukuze u-SARS ekwazi ukuhlola ukuthobela kwabakhokhintela ngalokhu.

Abakhokhintela abangase bathinteke futhi abakhathazeke kufanele mayelana nempahla yabo ye-*crypto* bakhunjuzwa ngoHlelo Lokudalula Ngokuzithandela lwakwa-SARS (i-VDP) ukuze kube lula ukuxhumanisa ukuthobela. Leli thuba linemibandela eqinile. Owokuqala ukuthi amakhokhintela kumele kube yibo abeza kwa-SARS kuqala. Uma u-SARS eseze wahlonza umkhokhintela ukuba kwenziwe ucwaningomabhuku kuye, ababe besakwazi ukufaka isicelo se-VDP.

UKhomishana wakwa-SARS uMnu. Edward Kieswetter uphinda akhumbuze abakhokhintela ukuba bafeze izibophezelo zabo ngokuthembeka nangobuqotho ngokudalula yonke ingeniso yabo. Uthe: “U-SARS ubesebenza ngokungaphezi ukuze uqinisekise ukuthobela kwabo bonke abakhokhintela, futhi labo ababalekela izibophezelo zabo ngokomthetho benza umthwalo wokuthobela ube nzima kubakhokhintela abathobelayo. Lokhu akukona nje kuphela ukungabi nabulungiswa kubakhokhintela abaqotho kodwa kuthinta abasengozini ngokungafanele emphakathini ngokunciphisa amandla kahulumeni okuletha izibonelelo zikahulumeni nezinye izinzuzo zomphakathi ezidingeka kakhulu. Bonke abantu abazi ukuthi ubuchwepheshe obuthuthukisa ikhono lakwa-SARS lokusiphuna ezimpandeni abakhokhintela abangathobeli. Isexwayiso, u-SARS uzolandela bonke ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ngaphandle kokucwasa.”

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane noSARS ku SARSMedia@sars.gov.za